



# basic education

---

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**2019**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-12.**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:  
ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisa (30)  
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)  
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)
2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:  
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50  
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20  
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-50
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)****UKUHLUKUMEZANA**

- |   |   |                |
|---|---|----------------|
| 1 | Wake wabizwa ngamagama ongawathandi? Washaywa ungenze lutho? Wesatshiswa? Waphucwa okungokwakho? Wehliswa isithunzi? Kungenzeka ukuthi akukaze kwenzeka kuwena kodwa bakhona asebeke babhekana nalezi zimo. Ukuhlukumezana enye yezinkinga ezinkulu umhlaba obhekene nazo. Lokhu kuhlukumezana kwenzeka ezikoleni, emsebenzini, emidlalweni, ezinkundleni zokuxhumana nasemiphakathini. Elinye igama eliqonde ngqo elisho lokhu ukuchokoloza (bullying). Laba bantu kuthiwa izichokolozi (bullies).   | 5              |
| 2 | UMalcom Smith (PhD), ocwaningweni lwakhe wathola ukuthi ukuhlukumezana kwenzeka ezikoleni uma abafundi bengekho ngaphansi kweso lothisha nabazali. Ezikoleni bahlukunyezwa ezinkundleni zemidlalo, emathoyilethi, emaphaseji, nasezindaweni abaziphumulela kuzona. Abanye bahlukunyezwa emakilasini, emabhasini esikole, ezitobhini, nasendleleni beya noma bebuya esikoleni. UMalcom uthi zine izinhlobo zokuhlukumeza; ukusebenzisa amagama amabi, udlame, izinkundla zokuxhumana kanye nokuhlukunyezwa ngumuntu othandana naye. Ukukhula kwezinga lezobuchwepheshe sekwenze ukuthi ukuhlukumeza kwezokuxhumana kuhambe phambili kunezinye izinhlobo. Isikhathi esiningi lo mkhuba (habit) wenzeka ezindaweni lapho abafundi bendawonye njengasesikoleni.   | 10<br>15<br>20 |
| 3 | Abahlukumezi basebenzisa izindlela ezahlukene ukukhetha labo abazobahlukumeza. Ngokujwayelekile lowo ohlukomezayo usuke enamandla ngokomzimba futhi enesibalo esikhulu sabalandeli abamesabayo. Abantu abangabagilwa (victims) yilabo abangenawo amandla okuzivikela. Kukhona abafundi <b>abanethalente elivelele</b> esikoleni, njengabahlakaniphile ekilasini nabo abahlukunyezwayo. Abanye abaqalayo ukufika kuleso sikole bayahlangabezana nale nkinga. Laba abavela emakhaya <b>adla imbuya ngothi</b> kanye nabadla izambane likapondo bayaba ngamathagethi. U-Ayanda uthi yena nabangani bakhe babeziphethe kahle esikoleni belandela imithetho ngendlela efanele kanti lokhu kuzobadonsela ukuhlukunyezwa ngenxa yomona. Kunalabo abahlukunyezwa ngenxa yobuhlanga (race), izinkolo ezingafani kanye nangobulili. | 25<br>30       |


4	Ziningi izizathu ezenza abafundi babe abahlukumezi. Inkinga iqala ekhaya uma kunodlame phakathi kwamalungu omndeni. Ukwehlukanisa/Ukudivosa kwabazali nakho kungaba nomthelela ekutheni ingane ibe umhlukumezi. Abanye abafundi abakwazi ukubona uma benza into embi komunye umuntu ngoba bakhule behlukunyezwa ngezindlela ezahlukene. Abanye bakwenza ngoba beseqenjini lalabo abazibona benodumo abaziwa nangokuba nezitayela ezingcono kunabanye. Kukhona abasuke befuna ukuziphindiselela ngoba nabo badlula ekhlukunyezweni. UMenzi Ngema yena waba umhlukumezi ngoba engasithandi isikole, ecasulwa ukuhlekwa ngenxa yokuphindaphinda amabanga awenzayo. Kunalabo abajoyina iqembu labahlukumezi ngoba befuna ukuvikeleka. Izidakamizwa notshwala nakho kunomthelela ekutheni izingane zibe abahlukumezi.	35 40 45
5	Abahlukumezi bafuna izinto ezahlukene kumathagethi abo. Indodana kaPeru, uBabylon babeyithathela ukudla kwayo zonke izinsuku. Abanye abafundi kuthiwa abacele imali emakhaya bayilethe kubona. Abanye babenzisa imisebenzi yabo yesikole ngenkani. Bababiza ngamagama amabi, babathuke baze badabule nezingubo zabo. Kuningi ukwesabisa okwenziwa abahlukumezi ukuze baphumelele kule nto abayenzayo.	50
6	Abafundi abagiliwe bahlala ngokwesaba, umuntu agcine <b>eseyinkomo edla yodwa</b> . Abanye bayesaba ukwakha ubungani nabanye. Emakhaya bayazivalela bangafuni ukukhuluma. Bagqoka izingubo ezinkulu ezenza bafihle imihuzuko nezibazi (scars). Abathandi ukuya emidlalweni, ukuvakasha nesikole nokuveza amathalente abanawo. Abanye bagcina sebengena ezidakamizweni nasotshwaleni.	55 60
7	Ukungazi kufana nokungaboni ngoba abanye abahlukumezi ababuboni ubungozi bale nto abayenzayo. Bakubona kuyingxenye yokuphila nokukhula. Isibalo sokuzibulala kwabanenkinga yokuhlukunyezwa siyanda zonke izinsuku. Abanye bagcina bengasayi esikoleni. Baba nenkinga yokutshela othisha nabazali ngenxa yokwesatshiswa. Baphila ngokuqamba amanga emakhaya nasezikoleni ukuze bazivikele kubahlukumezi. Bahlaselwa ukhwantalala (stress) bese kuvela nezinye izifo. Esikoleni bagcina sebefeyila ngoba ingcindezi abanayo yenza ingqondo ingasebenzi kahle. Imizimba nemizwa yabo iba buthakathaka.	65 70
8	Ukuhlukumeza kuthinta wonke umuntu osuke ekubona kwenzeka. Kufanele abahlukunyezwayo babikele othisha. Isikole kufanele sibe nezinhlelo zokuqeda lo mkhuba. Abazali kufanele baluleke izingane ukuthi zikhulume uma zihlaselwa abahlukumezi. Ukuzama ukubonisana nomhlukumezi ngendlela enokuthula kuyasiza ukuthi nabo behlise ulaka lwabo. Kufanele ungakhombisi ukuthi wesaba kangakanani ngoba kwesinye isikhathi naye umhlukumezi usuke engazethembi. Ungatshela nabangani bakho ukuze bakuvikele. Uma ukuhlukumezana kwenzeka kwezokuxhumana, hamba uyobikela abomthetho noma ushintshe imininingwane yakho. Sonke asibambisane ukuqeda lo mkhuba olimaza ikusasa labafundi.	75 80

[Icashunwe ku-internet yahlelwa kabusha]

- 1.1.1 Bhala indawo EYODWA abafundi abahlukunyezwa kuyo ngaphandle kwasezikoleni ngokwale ndaba. (1)
- 1.1.2 Ubizwa ngani umuntu ochokoloza abanye? (1)
- 1.1.3 Ubani okukhulunywa ngaye endabeni owenza ucwaningo lokuhlukumezana? (1)
- 1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.
- Ithalente elivelele lisho ukuthi:
- A Ngelibi kunamanye  
B Ngelisabisayo kunamanye  
C Ngelihle kunamanye  
D Ngelincane kunamanye (1)
- 1.1.5 Tomula umusho ophelele osesigabeni sesi-4 ositshela ukuthi abanye abafundi baba abahlukumezi ngenxa yokuba amagwala. (2)
- 1.1.6 Yini eyenzeka emindenini engagcina isinomthelela omubi kubafundi abangabahlukumezi? Bhala OKUBILI. (2)
- 1.1.7 Qhathanisa imiphumela yokuhlukunyezwa ubhekise ezigamekweni zikaMenzi Ngema kanye noBabylon Peru. (2)
- 1.1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni:
- (a) 'Abafundi abavela emakhaya **adla imbuya ngothi.**' (2)
- (b) 'Umuntu agcine **eseyinkomo edla yodwa.**' (2)
- 1.1.9 Bhala izimpawu EZIMBILI ongabona ngazo umfundi ochokolozwayo esikoleni. (2)
- 1.1.10 Bhala ngephuzu ELILODWA umyalezo odluliswa yile ndaba. (2)
- 1.1.11 Bhala izizathu EZIMBILI ezingenza sithi abahlukumezi banomthelela omubi ezimpilweni zabantu. Bhekisa impendulo yakho endabeni. (2)
- 1.1.12 Esigabeni sesi-8, umbhali usho amasu amaningi amahle angasiza ukubhekana nenkinga yokuhlukumezana kwezingane ezikoleni. Sekela ngokubhala OKUBILI kwalokhu okubhalwe endabeni. (2)
- 1.1.13 Ngokucabanga kwakho yini okufanele yenziwe ukuqeda umkhuba wokuhlukumezana ezikoleni. Bhala OKUBILI. (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Isithombe sicashunwe ku-googlepics]

- 1.2.1 Yimuphi umonakalo owenzeka kule sithombe esingenhla? (1)
- 1.2.2 Benzenjani oThato nodadewabo emva kokudlala ngomlilo? (1)
- 1.2.3 Yini ekhombisa ukuthi uLee usola ukuthi umlilo uqalwe izingane zikaKim noJay? (2)
- 1.2.4 Uyavumelana yini nokuthi icala lomonakalo owenzeka kule restorenti kumele libekwe kuJay noKim hhayi ezinganeni? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngongakwenza ukunika umuntu ophuke ithambo usizo lokuqala.

**IMIYALELO**

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C (OFUNDWAYO)****USIZO LOKUQALA ONGALUNIKA UMUNTU OPHUKE ITHAMBO**

Amathambo asemizimbeni yethu abalulekile. Imizimba ayikwazi ukuma uma amathambo ephukile. Ithambo eliphukile libucayi lidinga udokotela. Kuyenzeka udokotela noma isibhedlela sibe kude bese kudingeka umuntu ophukile anikwe usizo lokuqala.

Ingozi yokuphuka yenzeka kungalindelwe. Ngaphambi kokuthola usizo lodokotela, umuntu ophukile kufanele anikwe usizo lokuqala. Kufanele ubheke ubucayi bokulimala kodwa ungamnyakazisi umuntu olimele ngoba ungaphazamisa amathambo aphukile.

Ukuquleka kwenza abanye abantu bangakwazi ukuphefumula kahle. Phefumulela emlonyeni womuntu oqulekile, umphampe esifubeni ukuze inhliziyi iqale ukusebenza. Imizuzwana yokungaphumuli ibulala ukusebenza kwengqondo.

Kukhona abantu abaphuma igazi eliningi uma bephuka. Ungakuvimba ukuphuma kwegazi ngokubopha ngendwangu ngenhla kwalapho umuntu alimele khona.

Umuntu ophukile uzwa izinhlungu uma enyakaza bese konakala kakhulu. Sekela indawo elimele ngokuyibophela oqwembeni ukuvimba ukuthi ithambo lingaqhubeki nokulimala.

Kuyenzeka umuntu avuvukale futhi nemizwa ingasebenzi kule ndawo ephukile. Ukubanda kuyasiza kulesi simo. Zama ukugoqa iqhwa ngendwangu ulibeke endaweni evuvukele.

Ukuphuka kuyasabisa ngoba umuntu usuke engayazi imiphumela emva kokuphuka kwakhe. Kumele umxoxise umnike ithemba ukuze nezinhlungu zilibaleke/zizibeke. Abantu bakwamukela ngendlela engafani ukuphuka. Abanye bayagodola negazi lime emzimbeni. Kuhle ukumgcina efudumele, ubeke ikhanda endaweni ephansi, izinyawo ziphakame ukuze igazi ligijime.

Sengathi wonke umuntu angafundiswa ngokunika usizo lokuqala.

[Umbhalo osuselwa ocwaningweni lwezempilo]

**AMAMAKI ESIQEPHU B:****10**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 3**

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

# **SENZAKAHLE PRINTERS**

## **GQOKA IGAMA LEBHIZINISI LAKHO!**

Ubani owathi ngeke ube nesikibha esinegama lakho?  
Ungesabi, usufik' ekhaya.  
Woza uzokwenza izikibha zenkampani noma isikole sakho.

Esenzakahle Printers sikwenzela umsebenzi  
**okushiya ubambe ongezansi!**  
Sikuhlobisela okulandelayo:



PO Box 695, UMvoti, 3259  
032 757 7973  
[hh://:www.senzprint.co.za](http://www.senzprint.co.za)

**AMANANI APHANSI KAKHULU!**

Imithetho nemibandela  
Sikwenzela eyethu imidwebo nemibala.

[Izithombe zicashunwe ku-[googlepics](http://googlepics), umbhalo wokuziqambela]

- 3.1 Ungaya kuphi uma ufuna ukukhangisa ibhizinisi lakho? (1)
- 3.2 Bhala izinto EZIMBILI ongafuna bakuhlobisele zona eSenzakahle Printers. (2)



3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

La mazwi athi; 'Umsebenzi okushiya ubambe ongezansi' asho ...

- A ukuhlupheka.
- B ukubusa.
- C ukujabula.
- D ukumangala.

(1)

3.4 Bhala isinciphiso saleli bizo elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona:

Woza uzokwenza **izikibha** zenkampani yakho.

(2)

3.5 Yiliphi isu elisetshenziswe abaseSenzakahle Printers ukuheha amakhasimende? Bhala kube KUBILI.

(2)

3.6 Kungabe IQINISO noma UMBONO ukuthi amanani aseSenzakahle Printers aphansi kakhulu? Sekela impendulo yakho.


(2)

**[10]**

#### UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

#### UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



UTom noRooi basebenze kanzima ngenxa yengcindezi yokufuna iziboshwa eziyingozi ezeqe ejele. UMphathi wesiteshi ushaya phansi ngonyawo ufuna zivalelwe lezi ziboshwa.

[Isithombe sicashunwe ku-[googlepics](https://www.google.com/search?q=googlepics)]

4.1 Bhala OKUBILI okwenziwa abantu abasesithombeni.

(2)

4.2 Bhala izingcezu zenkulumo EZIMBILI okwakiwe ngazo leli bizombaxa/ibizongxube elilandelayo:

**Izinswelaboya**

(2)

- 4.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.  
Ukudla izimbiza zikaFaro kuchaza ...
- A ukuphuza amanzi.  
B ukuphuza utshwala.  
C ukudla isidlo esiphambili.  
D ukudla isidlo esimnandi. (1)
- 4.4 Tomula isihlanganiso kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona.  
UTom noRooi basebenze kanzima ngenxa yengcindezi yokufuna iziboshwa. (2)
- 4.5 La mazwi alandelayo aqukethe siphisifeno?  
'Sengikhuluma ngedwa njengohlanya.' (1)
- 4.6 Yini okufanele yenziwe ukuvimba ukweqa kwezigebengu eziyingozi ejele?  
Bhala amaphuzu AMABILI. (2)  
**[10]**

**UMBUZO 5**

- 5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**


Inkosana kaMfundisi uNdlovu, uBandile ihamba amazwe ngenxa yekhono layo lokupheka ukudla kwesiNtu. **Insizwa** emzalayo nayo iyakuthanda ukupheka. Baqinisile uma bethi lufuze imbiza. UBandile wakhula edla ukudla okuphekwe ngubaba wakhe waze wagcina esemsiza ngokupheka. Abantu bathuka uma bebona uNdlovu epheka. Hawu! Yindoda enjani ephekayo? 5  
**Wayibonaphi indoda yaKwazulu eqobana noanyanisi izingane zikhona?**  
Lo mbuzo wayengawunaki aziqhubekela namabhodwe. Lwaqala kanjalo-ke uthando lokupheka kuBandile wagcina eseyokufundela. Ngonyaka odlule wagibela ibhanoyi okokuqala empilweni yakhe. Wayecelwe ukuba ayopheka ukudla kwesiNtu eParis. Wafika khona ebusuku ekhathele. Uhambo lwakhe 10  
lwaba yimpumelelo ngoba wagcina esebhalela amaphephandaba ahlukene engosini yokudla. UBandile waqunga **isibindi** ngokwenza umsebenzi owaziwa ngokuthi ungowabantu besifazane.  
[Umbhalo wokuziqambela]

- 5.1.1 Bhala isifinyezo segama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:  
Inkosana ka**Mfundisi** uNdlovu uBandile uhamba amazwe. (1)
- 5.1.2 Guqula lo musho olandelayo ube yinkathi yamanje eqhubekayo:  
Abantu bathuka bebona uNdlovu epheka. (1)

- 5.1.3 Bhala ubulili besifazane esikhundleni segama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese usebenzisa impendulo emshweni.  
**Insizwa** ezala lo mpheki nayo iyakuthanda ukupheka. (2)
- 5.1.4 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo:  
Wayibonaphi indoda yaKwazulu eqobana noanyanisi izingane zikhona? (2)
- 5.1.5 Hlobo luni lwesandiso esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?  
Wafika khona **ebusuku** ekhathele. (1)
- 5.1.6 Khetha amagama afanele kowanikiwe bese ugcwalisa izikhala kule misho elandelayo:  
[esiphundu, ukhamba, usiko, ebhodweni]  
(a) ... lufuze imbiza. (1)  
(b) UBandile upheka ukudla okwehla ... (1)
- 5.1.7 Chaza ukuthi lezi zibabazo ezigqanyisiwe kule misho elandelayo ziveza miphi imizwa.  
(a) **Halala** Bandile! Usebenzile Gatsheni! (1)  
(b) **Hawu!** Yindoda enjani ephekayo? (1)
- 5.1.8 Bhala ibizo elimqondophika esikhundleni saleli elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:  
Lwaqala kanjalo-ke **uthando** lokupheka kuBandile. (1)
- 5.1.9 Sebenzisa umabizwafane kuleli bizo elibhalwe ngokugqamile ukuze kuvele umusho ohlukile kulo olandelayo:  
UBandile waqunga **isibindi** ngokwenza umsebenzi owaziwa ngokuthi ungowabantu besifazane. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

### UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Isithombe sicashunwe ku-[www.googlepictures.com](http://www.googlepictures.com)]

- 5.2.1 Yini ekhombisa ukuthi uGundi kuyamethusa okushiwo uBen? (1)
- 5.2.2 Tomula umusho osho ukuthi laba bantu bangalimazana enkulumweni kaSithole. (2)
- 5.2.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:
- Lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo sichaza ...
- Bhoza! **Wayihlaba inhlali** le nto eyenzeka kuleli hhovisi:
- A Ukunganaki  
B Ukusaba  
C Ukubaleka  
D Ukushaya (1)
- 5.2.4 Bhala amagama amqondofana nalawa alandelayo:
- (a) Obishini (1)
- (b) Etilongweni (1)

[20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**